UKUVIKELWA KWEZINGANE EZIDINGA UKUNAKEKELWA

Wubani Ingane Edinga Ukunakekelwa?

Ingane idinga ukunakekelwa uma:

- Ingenabazali noma umbheki;
- Inomzali noma umbheki kodwa bengatholakali;
- Ilahliwe;
- Ingenaso isondlo noma okokuyiphilisa;
- Iziphatha ngendlela yokuthi ngisho nomzali noma umbheki wayo akakwazi ukuyigoba ayilawule;
- Ihlala endaweni engenza ukuthi igcine isihlukunyezwa noma ixhashazwa ngokocansi noma ithunjwe ngaphandle kokuthanda yayo;

- Ihlala endaweni engagcina isikhubaze impilo yayo emzimbeni, engqondweni noma-nje inhlalakahle yayo;
- Ilahlwe/inganakekelwa ngokomzimba nangokwengqondo;
- Uma ihlukunyeziwe emzimbeni, emphefumulweni nangokocansi ihlukunyezwa wumuntu okumele ngabe uyayinakekela njengomzali noma umbheki wayo.

Ingane Edinga Ukunakekelwa Inalungelo Lini?

Ingane edinga ukunakekelwa inelungelo lokunikwa ikhaya, ukudla, izembatho, imfundo kanye nokwelashwa.

Yini Engenziwa Ngengane Edinga Ukunakekelwa?

Ingane edinga ukunakekelwa ingathathwa kunoma iyiphi indawo isiwe endaweni yokunakekela ephephile.

Wubani Ongathatha Ingane Edinga Ukunakekelwa Ayise Endaweni Ephephile?

Noma yiliphi iphoyisa, owezenhlalakahle noma lowo ogunyaziwe angayithatha ingane ngaphandle kwencwadi yasenkantolo (warrant) uma ekholwa wukuthi ingane idinga ukunakekelwa.

Yini Eyokwenzelwa Yona Ingane Edinga Usizo Uma Isisiwe Endaweni Ephephile?

Ingane iyothathwa isiwe enkantolo yezingane kuleyondawo lapho ikhona ingane, lokhu kungenziwa yinoma iliphi iphoyisa, owezenhlalakahle noma ogunyazwe yinkantolo.

Inkantolo Yezingane Iyokwenzani Ukuvikela Ingane Edinga Usizo?

Inkantolo yezingane iyobamba uphenyo ukuthola ukuthi ingane iyaludinga ngempela yini usizo. Uma inkantolo yaneliswa wukuthi ingane iyaludinga usizo iyobe isikhipha isinqumo esiphathelene nokunakekelwa kwayo.

Yiziphi Izinqumo Engazikhipha Inkantolo Ukuvikela Ingane?

Inkantolo inganquma ukuthi:

Ingane kumele ihlale nabazali bayo noma ibuyele kubo, phansi kwesandla sowezenhlalakahle. Inkantolo inganquma ukuthi abazali kumele bayinakekele kanjani ingane leyo.

Noma

Ihlale nomzali oyoqokwa yinkantolo uma abazali behlukanisa umshado noma behlala ngokwehlukana, kepha yenganyelwe owezenhlalakahle. Inkantolo iyobeka imibandela yokuthi ingane kumele inakekelwe kanjani.

Noma

Ihlale nombheki kodwa yenganyelwe owezenhlalakahle. Inkantolo ingenza imigomo yokuthi umbheki kumele ayinakekele kanjani ingane.

Noma

Ihlale kulowo ebiphansi kwakhe ngaphambi kophenyo kepha yenganyelwe owezenhlalakahle. Inkantolo yenze imigomo yokuthi ingane kumele inakekelwe kanjani.

Noma

Ihlale nomunye umzali olukhuni oqokwe yinkantolo kepha yenganyelwe owezenhlalakahle.

Noma

Iyiswe ekhaya lezingane eliyokhethwa wuMqondisi-Jikelele

Noma

Iyiswe esikoleni sezemisebenzi esiyoqokwa wuMqondisi-Jikelele.

Wubani Okumele Akhokhe Isondlo Sengane Edinga Ukunakekelwa?

Uhulumeni kumele akhokhe isondlo emalini ebekwe eceleni yiphalamende.

Futhi kungaba:

Yinoma ngubani okumele ngokomthetho akhokhe isondlo noma okumele afake isandla ekondliweni kwaleyongane.

Ivikeleke Kangakanani Ingane Emuva Kokuba Inkantolo Isiyenze Isinqumo Sokunakekelwa Kwayo?

Uma owezenhlalakahle owengamele leyongane ethola ukuthi ingane ayinakekelwa ngendlela eyayalelwa yinkantolo:

Angayithatha ingane aye nayo enkantolo yezingane lapho ingane ihlala khona, akumele kube yinkantolo eyenza isinqumo sokuqala;

Inkantolo yona-ke:

Ingenza uphenyo ukuthola ukuthi ingane ayinakekelwa na. Inkantolo ingashintsha isinqumo esikhona noma yenze esisha. Isibonelo-nje, inkantolo ingaquma ukuthi ingane yenganyelwe omunye umzali emqokayo noma ithunyelwe ekhaya lezingane noma esikoleni semisebenzi.

Amacala Enziwa Ezinganeni Umuntu Angajeziselwa Wona

Icala Lokuhlukumeza noma Ukulahla Ingane

Noma yimuphi umzali noma umbheki ngisho nanoma wubani obheke ingane oyiphatha kabi noma ayilahle unecala;

Futhi

Noma wubani ohlukumeza ingane unecala.

Icala Lokungakhokhi Isondlo Sengane

Wonke umuntu okumele ngokomthetho ondle ingane futhi enamandla okukwenza lokhu kepha enganiki ingane isondlo esanele njengokudla, izembatho, ikhaya kanye nokwelashwa okwanele unecala.

Icala Lokuxhaphaza Izingane Ngokocansi Ngokuthenga Imizimba Yazo

(ukusebenzisa izingane udayise ngemizimba yazo ukwenza imali)

Noma ngubani ozibandakanya noma ohlanganyela ekuxhaphazeni izingane ngokudayisa ngemizimba yazo ukwenza imali, unecala.

Ngisho:

- Nomnikazi wendawo lapho kudayiswa khona ngemizimba yezingane ukwenza imali
- Umqashisi wendawo lapho kudayiswa khona ngemizimba yezingane
- Umphathi wendawo lapho kudayiswa khona ngemizimba yezingane
- Umqashi wendawo lapho kudayiswa khona ngemizimba yezingane
- Umhlali endaweni lapho kudayiswa khona ngemizimba yezingane

- kuphela uma bazi ukuthi kwenzekani bayoba necala uma bengabiki emaphoyiseni ngesikhathi esanele kusukela bazile ngalokhu.

Icala Lokususa Izingane Endaweni Yokuzinakekela Lapho Zibekwe Khona Ngokomthetho

Kuyicala kunoma ngubani:

- Ukuthumba noma ukususa ingane kunoma iyiphi indawo yokuyivikela lapho ibekwe khona ngokomthetho
- Ukugqugquzela ingane ukuthi yeqe noma ibaleke endaweni lapho ibekwe khona ngokomthetho
- Ukuncenga noma ukuheha ingane ukuze ibaleke lapho yabekwa khona ngokomthetho
- Ukufihla ingane ethunjiwe noma ebaleke endaweni lapho kumele ivikelwe khona ngokomthetho
- Ukuvimbela ingane ukuthi ibuyele endaweni lapho ivikelwe khona uma yabaleka noma yathunjwa khona

Icala Lokuthatha Ingane Eyenganyelwe Wumzali Oqokwe Yinkantolo Uyikhiphele Ngaphandle Kwezwe

Noma ngubani okhipha ingane ngaphandle kweNingizimu Afrika ngaphandle kwemvume kaNgqongqoshe uyoba necala.

Icala Lokuqasha Izingane Ezithile

Akukho muntu ongaqasha noma iyiphi ingane eneminyaka engaphansi kuka-15 yize ukuthi uNgqongqoshe anganika imvume kokunye.

- Ukuze izingane zenze uhlobo oluthile lomsebenzi, uNgqongqoshe uyaye anikeze imvume embhalweni kahulumeni (government gazette) ebalula imigomo nemithetho yalokhu.
- Ukuze uhlobo oluthile lomuntu akwazi ukuqasha izingane uNgqongqoshe uyaye enze isaziso nemigomo ebhukwini likahulumeni (gazette).

Icala Lokungabiki Izingane Ezilimele Noma Izingane Eziguliswa Yisifo Sendlala

Ngisho noma ngabe eminye imithetho ithini kepha:

- Udokotela wamazinyo;
- Udokotela nje ojwayelekile;
- Umhlengikazi/umhlengi;
- Usonhlalakahle;
- Uthisha;
- Umphathi endaweni enakekela izingane;
- Umsebenzi endaweni enakekela izingane;
- Lowo osebenzisana nengane phansi kwanoma yisiphi isimo okwenza ukuthi asole ukuthi ingane kade igula noma ihlukunyezwa;

Noma

Ingane ilimele noma inezilonda okusolakala engathi zenziwe ngamabomu.

Noma

Ingane inesifo okubonakala engathi sidalelwe yindlala.

Kumele abike ngokushesha isimo sengane kuMqondisi-Jikelele noma lowo oqokwe wuMqondisi-Jikelele ukuze ingane ithathwe ngokushesha isuswe kuleyondawo ehlukunyezwe kuyona isiwe esibhedlela noma lapho inganakekelwa khona.

Udinga Ukwazi Kabanzi Ngokuvikelwa Kwezingane?

Isibonelo nje:

- Ukumelwa kwezingane enkantolo emacaleni ombango noma obugebengu
- Ukondliwa kwezingane ezingahlali nabazali (izinqumo zokuthi umzali nomzali afake isandla)
- Ukuthola ingane ibe ngeyakho ngokomthetho (adoption order)
- Amalungelo oyise bezingane ezitholelwe ngaphandle komshado
- Izindawo zokuvikela izingane nokuthi ungazihlola kanjani lezizindawo
- Imvume yokuphuma kwezingane ezindaweni zokuzivikela
- Ukulinganisa ubudala bengane uma bungaziwa
- Ukwedlulisa ukukhononda ngezinqumo zezinkantolo zabantwana